

UHLELO LWEZOKUTHUTHA LWENQUBO EZOLANDELWA ESIFUNDAZWENI SASE-GAUTENG

UHLAKA LOKUXHUMANA - UMBIKO OFINGQIWE

Okuqukethwe

Umbiko Ofingqiwe

Umbono Namandla Aqhubezelahyo Okufinyelela Imigomo

Ukwenza Ukuba Uhlaka Lufeze i-STP

Ukuxhaswa Nokukhokhelwa Izimali

Ukuqapha Nokuhlola

Isiphetho

Izifushaniso

- 1 -

- 11 -

- 14 -

- 16 -

- 18 -

- 19 -

20

ISAKHIMO - NGENXA YOKUPHAWULA

Umbiko Ofingqiwe

Indima nenjongo yalolu Hlelo Lwenqubo Ezolandelwa

Ezokuthutha zimane ziyindlela abantu base-Gauteng abafinyelela ngayo amathuba futhi ziyindlela yokwenza kufinyeleleke ukukhula kwezomnotho nentuthuko esimeme. Nsuku zonke, ezokuthutha zixhumanisa abantu nemisebenzi yabo, nezemfundo, nezempilo kanye nabanye abantu. Lo 'misebenzi okumele wenziwe' wezokuthutha obalulekile kumele uqondwe ngomqondo obanzi wezenhlalo nezomnotho nezemvelo, sibe siyiqwashele nendlela izenzakalo zamanje ezithonya ngayo le ntuthuko ngokuvumelana noHlelo Lwezokuthutha Lwenqubo Ezolandelwa (Strategic Transport Plan (STP)).

Indima nenjongo ye-STP ukwakha uhlaka oluhlala isikhathi eside lokuhlela ukuthuthukiswa kwengqalasizinda yezokuthutha okubumbene kanye nezinsizakalo e-Gauteng yonkana. Njengoba yenzelwe ukuqondisa ukuthuthukiswa kohlelo lwezokuthutha eminyakeni eyishumi nanhlanu ezayo, i-STP isabela kuzo zombili izidingo zamanje nezangesikhathi esizayo ngokuvumelana nesishayamthetho samanje, izinhlelo ezibumbene zezokuthutha zabaphathi basendaweni besifundazwe, izimfuno zezokuhamba ngezithuthi phakathi kwabantu nangaphakathi kwesifundazwe, kanye nokwenzekayo ezimpilweni zabantu, kwezomnotho nakwezenhlalo.

Kudingeka umbono ocacile nobuholi obunamandla ukuze kwakhiwe isifundazwe esimeme lapho ezokuthutha zomphakathi ziba khona yindlela yokuphila yabo bonke, kunokuba kube yindlela ebonakala iphoqa kwabanye. Lokhu kuyaphuthuma futhi kubalulekile ukuze kuqinisekiswa indlela engcono yokuphila kuyo yonke imiphakathi nezakhamuzi zase-Gauteng. Kulesi sikhathi esizayo esicatshangelwayo, ukuhamba ngezinyawo, ukushova ibhayisikili nezithuthi zomphakathi ngeke nje kuqinise ubumbano lwezenhlalo futhi kukhuthaze umuzwa ofudumele womphakathi, kodwa kuzonqoba imigoqo ebekwe yizinhlelo zezokuthutha zendabuko. Izakhamuzi zizojabulela uhlelo lwezokuthutha lomphakathi olungenazihibe oluphephe kakhudlwana, olufinyelelekayo, olonga isikhathi nezindleko, oluvumelana nezimo nolunemiphumela enemithelela emihle kwezemvelo.

Ngemva kokugunyaza kwama-STP, i-Integrated Implementation Plan (IIP) izokwakhiwa ukuze kugxilwe eminyakeni emihlanu ezayo. I-IIP izohlela imigomo efinyelelekayo, enqunyelwe isikhathi ukuze imigomo yezinhlelo ezizolandelwa yama-STP yenziwe isebenze, kunikezwe imininingwane yemigomo nokusekufinyelelwe, ukuhlanganisa ingqalasizinda yezokuthutha zomphakathi kanye nokutholakala kwezinsizakalo zezokuthuthwa kwabagibeli. Lolu hlelo luzohlanganisa futhi nohlelo lotshalo-mali lwengqalasizinda futhi luhlinzeke ngolwazi olubalulekile lokuhlelwa kwebhajethi yenkathi esesilinganisweni ngaBaphathi Bezokuthutha (Transport Authority) ngoHlaka Lokusetshenziswa Kwezimali Kwenkathi Esesilinganisweni (Medium Term Expenditure Framework (MTEF))

Maqondana Negunya Eliphethe Ezokuthutha e-Gauteng (Transport Authority for Gauteng (TAG))

Ukusungulwa kweGunya Eliphethe Ezokuthutha e-Gauteng (TAG) kwaqaliswa ngo-2016 ngu-MEC Wemigwaqo Nezokuthutha wase-Gauteng, uDr Ismail Vadi, enomgomo wokwakha inhlango esemthethweni yokuqondisa izinhlelo ezibumbene zezokuthutha kulesi sifundazwe. Le nqubo yaphetha ngokuthi kushaywe uMthetho 2 ka-2019 Wegunya Lokuphathwa Kwezokuthutha e-Gauteng (TAG ACT).

Indima ye-TAG ukubhekela isidingo sohlelo olubumbene lwezokuthutha zomphakathi e-Gauteng, ukuqinisekisa ukuxhumana nokusebenzisana emisebenzini yezokuthutha ngaphakathi nakuzo zonke izinhlangano zikahulumeni. Lokhu kuvumelana kahle noMthetho-sisekelo waseNingizimu Afrika, ogunyaza ukuphatha ngokubambisana phakathi kwemikhakha emithathu kahulumeni ukuze kukhuthazwe ukwethembana, ubuqotho, nemizamo yokubambisana ekufinyelelweni kwemigomo efanayo.

Imigomo ehlanganisa konke ye-TAG yile:

- Ukwakha uhlelo olubumbene lwezokuthutha olunikela ekusimamisweni kwezemvelo, ubunye kwezenhlalo nolukhuthaza intuthuko kwezomnotho esifundazweni;
- Ukuhlinzeka ngohlelo lwezokuthutha olusebenza kahle, oluphumelelayo, lwesimanje, olubumbene noluphephile kubo bonke abalusebenzisayo esifundazweni;
- Ukuhlanganisa ukuthuthukiswa kwengqalasizinda yezokuthutha nezinsizakalo e-Gauteng;
- Ukuthuthukisa ukutholakala kohlelo lwezokuthutha, kubandakanya nezinsizakalo zezokuthuthwa kwabagibeli, kubo bonke abantu, ikakhulu labo abangakwazi ukuzenzela izinto;
- Ukukhuthaza ukusetshenziswa okwandayo kohlelo lokuthutha lomphakathi;
- Ukukhuthaza ukusetshenziswa okwandayo kokugitshelwa kwamabhayisikile njengendlela yokuthutha; kanye
- Ukuqinisekisa inzuzo engokwezimali ngemizamo yokuthuthwa komphakathi.

Ukufinyelela le migomo, i-TAG inesibopho **sokuhlela inqubo ezolandelwa nebumbene** ehlanganisa lokhu:

- Ukukhuthaza ukutholakala kwenethiwekhi yezokuthutha nokulawula izimali ezikhokhiswayo;
- Ukulondoloza ukuhlinzekwa kwezinsizakalo ezibumbene zokuthuthwa komphakathi kanye nengqalasizinda edingekayo neyesimanje nephephile;
- Ukwakha uhlelo olubumbene lokukhishwa kwamathikithi kanye nohlelo lolwazi oluhlanganisa konke, ngaleyo ndlela kufakwe ukusetshenziswa kobuchwepheshe ukuhlanganisa izinsizakalo zezokuthutha kanye namathuba ahlinzekwa yi-4IR;
- Ukulawula ngempumelelo izimoto emgwaqweni nezimfuno zezokuthutha;
- Ukwakha nokusebenzisa uphawu olulodwa lwegunya lwezokuthutha (public transport insignia);
- Ukuqoqa idatha nolwazi olunemininingwane nokwenza ucwaningo ngezokuthutha; kanye
- Nokuqinisa ukubambisana phakathi kwamagunya aphephe ezokuthutha, abasebenzisi bezithuthi kanye nezinhlangano ezihlukahlukene zikahulumeni.

Umsebenzi oyinhloko we-TAG ukuvumelanisa konke ukuhlelwa kwenqubo ezolandelwa kwezokuthutha zomphakathi kanye nengqalasizinda yezokuthutha ngaphakathi kwalesi sifundazwe. Inanesibopho sokuhlela, ukuxhumanisa, ukusebenzisa isimo ngokunenzuzo, ukuphumelelisa kakhudlwana, ukuvumelanisa, ukwenza kube lula imisebenzi yezithuthi zomphakathi, amagunya aphephe, izinhlelo kanye nomnotho nezisetshenziswa ngaphakathi e-Gauteng. Ngokuhlanganisa ukuhlelwa kwenqubo ezolandelwa ehlala isikhathi eside, imizamo egxilile futhi elinganisekayo, i-TAG ihlose ukuqinisa uhlelo lwezokuthutha olusebenza kahle, oluhlanganisa konke, olusebenzisekayo noluyimpumelelo lwe-Gauteng.

Maqondana Nohlelo Lwezokuthutha Lwenqubo Ezolandelwa (Strategic Transport Plan)

Lo mbiko uhlanganisa Umbiko Ofingqiwe (**wohlelo Lokuthutha Lwenqubo Ezolandelwa (Strategic Transport Plan (STP))**), ozolandelwa **Uhlelo Olubumbene Lokusetshenziswa Kwale Nqubo (Integrated Implementation Plan (IIP))**. I-IIP egunyazwe yingxenye 8 yoMthetho we-TAG, iyibalazwe leminyaka emihlanu elizokwenza ukuthi imigomo yenqubo ezolandelwa ye-STP ifinyelelwe.


I-STP iyinsika eyinhloko yomgomo we-TAG, ohlahla indlela yentuthuko ebumbene nesimeme yengqalasizinda nezinsizakalo zezokuthutha zase-Gauteng. Ukuze kubhekwe ngokwanele izidingo zezokuthutha zase-Gauteng iminyaka engu-15 elandelayo, i-STP iyavumelana nombono nezinto ezibalulekile ezihlelwe ku-PLTF, izinzuzo eziyisihluthulelo ezivela ku-Gauteng 25-Year Integrated Transport Master Plan (ITMP25) kanye nenqubo eyisibonelo egcina i-Integrated Public Network inolwazi ku-ITMP25. I-ITMP25 ihlahla indlela ngokutshalwa kwezimali zezokuthutha e-Gauteng futhi iqondisa ukuthuthukiswa kwengqalasizinda nezinsiza, kanye nokwabiwa kwebhajethi nengcebo yama-GDRT. I-STP yakhela kulesi sisekelo futhi **ihlinzeka ngesiqondiso sombono ohlanganisa konke kanye nokuhlela kwenqubo ezolandelwa ngentuthuko yengqalasizinda yezokuthutha nezinsizakalo kuwo wonke amagunya apethe okuhlela**, okungukuthi omasipala, i-SANRAL, i-PRASA, i-GMA, i-ACSA, ne-GDRT. Ama-ITP omasipala asebenzisana ne-ITMP25 ukuze asabele ezimfunweni ezibalulekile zezokuthutha, eqondisa utshalo-mali komasipala futhi eqinisekisa kubambisana kwezindlela ezihlukahlukene zezokuthutha ngaphakathi komasipala ngabanye.

Ngokubambisana **noMnyango Wase-Gauteng Wezemigwaqo Nezokuthutha (Gauteng Department of Roads and Transport (GDRT))** nabanye abathintekayo, i-TAG izokhuthaza ukusetshenziswa ngempumelelo kwawo womabili ama-STP nama-IIP ukuze afinyelele uhlelo lwezokuthutha oluhlanganisa konke, olusimeme, oluyimpumelelo noluncwala lwesifundazwe.

Isifundazwe Sase-Gauteng siyachazwa

I-Gauteng isifundazwe esincane eNingizimu Afrika, esinabantu abangu1.42% wengqikithi yonkana yalelo zwe, kodwa iyisikhungo esinamandla somnotho. Njengoba i-GDP ingaphezu kuka-R1.47 trillion nangaphezu kwezigidi ezingu-4 zamathuba emisebenzi, i-Gauteng izedlula ngamalengiso ezinye izifundazwe, cishe ngo-35% wengqikithi yomkhiqizo waseNingizimu Afrika.¹

Umphakathi wase-Gauteng wango-2022 wawucishe ube yizigidi ezingu-15.1, okumelela u-24.4% wengqikithi yomphakathi wabantu abangaba yizigidi ezingu-62 zalelizwe.²



¹ <https://www.gauteng.gov.za/News/NewsDetails/%7B99d3f058-b884-4eb5-a5c1-72f34ba282f1%7D>, 2024; <https://www.statssa.gov.za/?p=16650>, 2022

Kulindeleke ukuthi umphakathi wase-Gauteng uqhubeke wanda uze ufinyelele ezigidini ezingu-19.8 ngaphambi kuka-2037, nangesilinganiso sabantu abafuduka bevela kwamanye amazwe abangu-200,000 unyaka nonyaka bevela emazweni angomakhelwane futhi lesi sifundazwe sibhekwa njengesizoba yisizinda esiphawulekayo ngalokhu kwanda.

Isilinganiso sengqikithi yokukhishwa kwe-GHG CO₂eq minyaka yonke e-Gauteng sanda ngo-4.6% phakathi kuka-2021 no-2022 kusukela ku-41,332Mt ukuya ku-43,347Mt. Ezokuthutha zineqhaza elikhulu ekukhishweni kwe-GHG (39.7% ngo-2021 ukuya ku-42.1% ngo-2022)).³

Izinsesele Ezivelayo

Ukuhlela “ukuqhubeka kwebhizinisi njengenhlayenza” kanye nendlela yokukusebenzisa ngeke kusaba okwanele ukuze kulangatshezwane nezimfuno zezwe eliguquguqukayo, eliyinkimbinkimbi, futhi ngokuvamile elingaqondakali. Okuyibona abanesibopho sokusebenzisa i-STP kuzodingeka ukuba baqhubeka bechaza isimo esishintshayo, bavumelanise futhi bashintshe indlela yokwenza ngendlela engazindeli nevumelana nezimo. Ukuqondiswa ngokuqhubekayo kokusetshenziswa kwinqubo yonkana kudinga indlela enolwazi, ephindaphindayo, ukuze kube khona ukusabela ezinsesele ezivelayo.

Izimfuno zangaphandle zihlanganisa imithlela engokwemvelo, ikakhulu ushintsho esimweni sezulu kanye nesidingo sokunciphisa ngokushesha ukukhishwa kwe-GHG, ukuntuleka kwamandla kanye nokukhula komnotho ngonyawo lonwabu. Ukuguqukela kwezindawo ekubeni amadolobha ngokushesha nakho kukhinyabeza ingqalasizinda, kuyilapho ukwabiwa ngokungalingani komcebo kanye nokunganakwa kwamaqembu athile omphakathi kukhinyabeza ukusebenza ngempumelelo kwezithuthi zomphakathi futhi kube neqhaza ekwandeni kwamabhizinisi angekho emthethweni kanye nembali yamatekisi. Nakuba ukungena kwezifiki nokuphuma kwabantu esifundazweni kuyenza ibe yimbi nakakhulu inselele yasemadolobheni, bekulokhu kunokwanda kwabantu abashiya i-Gauteng, ikakhulu abavela emaqenjini ahola kakhulu, kuyilapho izifiki zingena ngokuyinhloko emaqenjini ahola kancane, ngokuvamile zencike emisebenzini engekho emthethweni. Ubugebengu, indlela nezindleko eziphezulu zokuphila ziyenza ibe nzima imizamo yokuhlinzeka ngezixazululo ezilinganayo neziphumelelayo zezokuthutha. Ngaphezu kwalokhu, ukungabi nalo ikhono lokuphatha, ukonakala kanye nokwehluleka ukuzibophezela nokusebenzisana kuyo yonke imikhakha kahulumeni kukhinyabeza ukuhlela ngempumelelo nokusebenzisa izinqubo okumelwe zilandelwe.

Intuthuko yezobuchwepheshe njengokusetshenziswa kwezithuthi ezincane, ukugibela nabanye emotweni, ukusebenzisa amandla ezobuchwepheshe bamakhompuyutha, ukuthola nokwabelana ngolwazi ngezobuchwepheshe nokusebenzisa imishini ezishintshayo yezobuchwepheshe kusinika amathuba kodwa futhi kudinga ukuzivumelanisa ukuze kungasixaki. Ukuze kuncishiswe ngempumelelo ukukhishwa kwamagesi abanga ukushisa, kunesidingo esiphuthumayo sokuncishiswa kwesidingo sokuhamba (travel), ukwamukelwa ukusetshenziswa kwezobuchwepheshe kanye nokwamukelwa kakhudlwana kwezinqola ezisebenzisa amandla amasha kanye nokugudlukela ekusetshenzisweni kwamandla avuselekayo. Izenzakalo zomhlaba wonke eziphazamisa umnotho kanye nezinhlekelele ezandayo zenezela esimweni sokungaqiniseki, okugcizelela isidingo sohlelo lokuthutha oluvumelana nezimo olusimeme oluqinisekisa ukuqhubeka naphezu kobunzima.

² <https://www.statssa.gov.za/?p=16716>, October 2023

³ Gauteng Greenhouse Gas Inventory and Measurement, Reporting and Verification System: Draft Inventory Report, 12 July 2024

Isiqalo Kusukela ku-PLTF 2023-2027:

- Ukwenezela ukubambisana ekusetshenzisweni kwezwe, ukuthuthukiswa kwamasisitimu adingekayo engqalasizinda, ezomnotho, ezokuthutha, ukuphepha nezinqubo zokusetshenziswa zezokuphepha.
- Ukusekela ezokuthutha ezisimeme ne-NMT kugxilwe ekutholakaleni kwako kuso sonke isifundazwe (UA).
- Ukukhuthaza ushintsho lokuziphatha (TDM) kanye namandla asimeme ezokuthutha.
- Ukukhuthaza ukusetshenziswa kwezithuthi zomphakathi njengokwakha imiqondo yokuhlela, ukugxila kuyi-Strategic Public Transport Network (SPTN), nemigwaqo exhumanisa amazwe, iziqephu zamazwe eziyizindawo zokuhlaba ikhefu kanye ne-Transit-Oriented Development (TODs) ehambisana ne-SPTN.
- Ukuqinisekisa ukuxhaswa ngokwezimali kwezithuthi zikaloliwe nezomgwaqo zomphakathi, kubandakanya namatekisi.
- Imigwaqo izokwamukela imizila esimeme (modal hierarchies) nezinto zezobuchwepheshe.
- Ukwakha ingqalasizinda yomgwaqo yeminyaka eminingi kanye nezinhlelo zokuwulungisa.
- Ukuthuthukisa uxhaxha lwezindawo zokupakwa kwezithuthi, imigwaqo ewumncingo noma ukulandelela ukudilivwa kwempahla kanye nokuxhasa ukususwa kwempahla emgwaqweni iya kumjantshi ngenjongo yenzuzo engokomnotho.
- Ukushintshela ezokuthutha esimeni sezobuchwepheshe (digital environment) (data ecosystem, Transport Management Centre, Intelligent Transport Systems) nokusebenzisa imishini yezobuchwepheshe besimanje kuwo wonke amasisitimu ezithuthi.
- Ukuphenya ngemithombo yoxhaso ehlukile, kubandakanya noxhaso lwezemvelo bese kusungulwa kabusha isimiso sokukhokha komsebenzisi.
- Kusetshenziswe uhlaka lokuqapha lwazo zonke izinqubo zokusetshenziswa.

Izihloko Ezidingidwa Kuzwelonke NaseSifundazweni

Izihloko eziye zahlonzwa ngaphambilini nokufanele zidingidwe ngokombono kaZwelonke NoweSifundazwe yilezi:



I-STP iqhubekile izivumelanisa nombono kaHulumeni weSifundazwe sase-Gauteng, okungukuthi **“Isifunda Sedolobha Lase-Gauteng okuphilekayo kulo, elingabandlululi, elingakhethi futhi elibumbene.”**

Isihloko esibucayi ngokwandayo yilesi esithi **Inhlekelele Yesimo Sezulu**, esiphazamisa yonke imikhakha yomphakathi nezomnotho. Le ndaba kumelwe ifakwe kuyo yonke imizamo yokuhlela ukuya phambili.

Indlela ukuxhumana okwenziwa ngayo

Ukubandakanya abathintekayo kanye nababambiqhaza abayisihluthulelo ngesikhathi sokwakha nokulungiselela i-STP lapho kubanjiswa kusiza ekwenzeni uhlelo luvumelane nezifiso nezidingo zababambiqhaza abathintekayo. Ukwakhiwa koHlelo Lwenqubo Ezolandelwa (Strategic Plan) kuhlunganisa inqubo ehlelekile yokubandakanyeka kwababambiqhaza abathintekayo.

- I-Workshop Yenjongo Nomphumela ngomhlaka-26 Nhlolanja 2025 ngephrojekthi namathimba amakilayenti.
- **I-Strategic Role-Player Workshop (10 Mbasa 2025):** ukuhlunganisa ndawonye izikhulu zikahulumeni, abameleli bemboni yezokuthutha kanye nethimba lephrojekthi.
- **Umhlangano Wezimvo Oqhutshwa Ngezobuchwepheshe (Virtual Feedback Meeting (25 Mbasa 2025):** ukuhlola imiphumela yama-workshop angesikhathi esidlule kanye nokuthuthukisa ("Izithombe Ezibonisa Impumelelo").

Zonke izinto zidaluliwe kulolu Hlaka Lwenqubo Ezolandelwa (Strategic Framework), okuqinisekisa ukuthi i-Gauteng STP ne-IPP bazosebenzisana ngeqiniso, ngokuvumelana nezidingo nokuzozuzisa ababambiqhaza (stakeholders), okufanelekela kahle lokho okudingwa ngabantu bamanje nabangesikhathi esizayo.

Imiyalezo Eyisihluthulelo Evela Kubabambiqhaza (Stakeholders)

Inqubo yokusebenzisana nababambiqhaza (stakeholders) ibalulekile ekuhlaleni intuthuko ye-STP ne-IPP ukuze kube nezixazululo eziwusizo nezivunyelaniswe nezidingo zabantu base-Gauteng. Izinto eziyisihluthulelo ezaqokonyiswa kulo mbono wentuthuko yilezi:

- Ukugxila ngokunamandla ekuxhumaniseni uhlelo lokusetshenziswa komhlaba, ukuhlela ngobuciko ingqalasizinda nezithuthi zomphakathi (public transport);
- Ukunciphisa isidingo sokuhamba (travel) nokukhuthaza izithuthi ezingahambi ngezinjini (NMT);
- Ukushintshwa kwemikhuba yokushayela ngokuxhumana nangemizamo yokukhuthaza (incentives);
- Ukushintshela izimpahla ezithuthwayo ezithuthini zomjantshi;
- Ukusebenzisa ulwazi (data) nezobuchwepheshe ukuze kukhuthazwe ukusungula izinto ezintsha kuyo yonke imikhakha;
- Ukugcizelela indima yamandla avuselekayo (renewable energy) kanye nokwamukelwa kwezimoto ezisebenza ngogesi (Evs); kanye
- Ukwenza ukuphepha kuze kuqala ngokwakhiwa kwezindawo eziphephile nokuqinisekisa ukuthi amaphoyisa ayabonakala.

Izinselele namagebe (gaps)

Kunezinselele namathuba amaningi abhekene nezokuthutha e-Gauteng. Kumelwe kubhekelwe lezi zinselele ezilandelayo eziyisihluthulelo:

- **Ukwehlukahluka nokuwohloka ngokwezizinda** okubangelwa ukwanda kwezakhiwo ezingalawuliwe ezindaweni ezakhele amadolobha, izakhiwo ezigqagqene, izinselele zengqalasizinda yezobunjiniyela, izindlu ezilinganiselwe ezikhonekayo nomhlaba ezindaweni zamabhezini kanye nokushayelwa amakhala ngokomnotho nangokwenhlalo okuqhubekayo.
- **Izinkinga zezemvelo** ezibandakanya ushintsho esimweni sezulu esihlobene nezenzalo zesimo sezulu ezimbi ngokwedlulele njengezikhukhula, isomiso nemisebe yokushisa kwelanga emibi kakhulu..
- **Ukuhlela nokusebenza kweminyango ngokuzimele**, lapho kungekho kusebenzisana phakathi kokusetshenziswa kwezwe, ingqalasizinda yezobunjiniyela (izinsiza eziningi) nezokuthutha kuyo yonke imikhakha, omasipala nabambiqhaza abayisihluthulelo.
- **Ukwehla kwesasasa lokusetshenziswa kwezithuthi ezihlanganyelwayo**, ngokwehla kokusetshenziswa kwezithuthi zomphakathi, kuba nokwanda kokusetshenziswa kwezimoto nokwencika ematekisini okuba nomthelela ekukhishweni kwe-GHG Ukushintshela ekusebenziseni izithuthi zomphakathi bekuyokunciphisa ukukhishwa kwe-GHG ngekhilomitha ngalinye lomgibeli elihanjiwe.
- **Ukuntuleka kwemizamo yoshintsho ekuziphatheni** nemizamo enganele yokuxhumana ekulawuleni izindlela zokusetshenziswa kwezithuthi (travel demand) nokukhuthaza izinqubo zokuthuthukisa ezokuthutha ezisimeme.
- **Izinguquko zokuncishiswa kwezimboni** ezindaweni ezithile njengaseWest Rand naseSedibeng ezikhinyabeza amathuba angokomnotho nezindlela ezisetshenziswayo zokuthuthuwa kwabagibeli.

- **Iziphazamiso nokugxambukela kwabezombangazwe** okukhinyabeza ukuqhubeka kokuhlela nokusetshenziswa kwezinqubo okumelwe zilandelwe.
- **Ukwehla kwenani labagibeli nabasebenzisa uloliwe**, njengoba i-PRASA idinga abagibeli abangazinzile; ukuntuleka koxhaso kanye nezindleko eziphakeme zengqalasizinda, kuyilpho iGautrain ibhekane nokwehla kwamanani abagibeli ngemva kwe-COVID-19. Utshalomali oludingekayo ukuze kubuyiselwe ingqalasizinda ye-PRASA futhi kwandiswe i-Gauteng Rapid Rail Integrated Network luncintisana nezimfuno ezicindezelayo zezehlalo nezomnotho, lapho izingqinamba ezingokwezimali zikulinganisela ukutshalwa kwezimali kukho kokubili izinsazakalo nokuthuthukiswa kwengqalasizinda.
- **Izithuthi zomphakathi zibonakala ngokungabumbani** ekuhlinzekeni izinsizakalo, izisetshenziswa, imigwaqo, ukukhishwa kwamathikithi, ulwazi lwabagibeli nezimali ezikhokhiswayo, kanye nezinkinga eziphikelelayo zokulawula nokuphepha emkhakheni wamatekisi. Ukuntuleka kwezindlela eziyinqubo kwikhalithi yamasevisi nokwaneliseka kwabagibeli ezintweni zokuthutha zomgwaqo zomphakathi, kukhinyabeza ukusizakala kwabazisebenzisayo kanye nokukhanga kwezithuthi zomphakathi.
- Ukuntuleka **kokuxhumana nokubambisana ngezisetshenziswa (applications) zezobuchwepheshe**, okuvimbela ukusebenzisana nokwehliswa kwamanani kwezomnotho (economies of scale). Idatha eqoqwayo ephathelene nabantu (mobility data) ngokuvamile ayitholakali noma iyaguquguquka, okuvimbela ukuhlelwa kokufuna ulwazi ngabo nalokho abakwenzayo.
- **Amagebe ekhono** kwezobuchwepheshe, i-ITS, ezokuthuthwa kwempahla nokuhlelwa komjikelezo wokuphila kubambezelela ukusetshenziswa okuphumelelayo kohlelo lwezokuthutha.
- **Izimo eziwohlokile zemigwaqo** zikhinyabeza ukwethenjwa kokunikezelwa kwezinsizakalo kanye nezindleko zokusebenza kwabahlizeka ngezokuthutha.
- Ukungahlinzekwa ngokwanele kwezithuthi ezingenayo injini, izindlela ezintsha zokwenza ibhizinisi nokutholakala kwamalungelo alinganayo okusetshenziswa komgwaqo kwabantu bonke.
- Abantu abaningi basantula izithuthi, ikakhulu **ebangeni elisuka lapho behlala khona ukuya ezitobhini**, ukubabeka ezindaweni zabo nasemakhaya abo, ukwenezela kulokhu kube **ukukhathazeka ngokuphepha nokulondeka** ezingxenyeni eziningi zohambo lwabo.
- Ukugxila kumaphrojekthi **engqalasizinda entsha**, ngokuvamile **ngokudela ukunakekelwa** kwempahla ekhona. Ngokwesibonelo, ukunganakwa kwesistimu ka-Metrorail amashumi eminyaka kuye kwaphumela ohlelweni lwe-PRASA lokuvuselela nokulungisa oludinga utshalomali oluphawulekayo obelungase lwabelwe ukusetshenziswa kwezinye izindawo ukube ukulungisa okuqhubekayo nokwanda kancane kancane kwakubekwe kuqala.
- **Ukuntuleka kokubhajethela sonke isikhathi sokuphila komkhinqizo** kwengqalasizinda, ngokugxila kutshalomali lokuqala, ngaphandle kokucabangela izindleko zokulungisa nokusebenza noma ukuphathwa kwezimali ezitshaliwe sonke isikhathi sokutshalwa kwazo.

Amathuba

Amathuba alandelayo akhona ukuze abhekele amagebe nezinseselele:

- Ukwakha **umbono oletha izinguquko ngezithuthi zomphakathi e-Gauteng**, ukuze kubhekwe imigoqo ebangelwe uhlelo lwezithuthi lwamanje, okwenza izithuthi zomphakathi kube yizo

ezincanyela yibo bonke. Lo mbono uhloselwe ukuqinisa ubumbano kwezenhlalo, ukubandakanyeka komphakathi, kanye nemiphumela ethuthukisiwe yezempilo, ukuphepha, izindleko, nokusetshenziswa kahle kwesikhathi, ukungaphazamiseki kanye nokukhanga konkana kwezithuthi zomphakathi.

- **Izinhlaka zokuxhumana** zezifundazwe ezithuthukisiwe zokuhlelwa okubumbene kwezokuthutha kanye nendima ethuthukisiwe yokuxhumana ye-TAG.
- Ukugxila **emizamweni yezokuthutha esimeme, ephikelelayo, evumelana nezidingo zomphakathi esimweni sezulu esikhona** nokuthola uxhaso ukuze kusekelwe le mizamo.
- Ukusebenzisa ama-**Transit-Oriented Development (TOD)** (Ukutholakala Kwezithuthi Ngokuvumelana Nezidingo Zomphakathi) njengethuba lokuvumelanisa ukusetshenziswa komhlaba, ingqalasizinda yezobunjiniyela kanye nemizamo yokuhlela ezokuthutha
- Ukusebenzisa ngokunenzuzo **Inqubo elandelwayo Yokwakha Kabusha ye-PRASA** ukuze kuvuselelwe ingqalasizinda nezinsizakalo zikaloliwe, kakade osekuholele ekwandeni kwabantu abasebenzisa uloliwe, okuhlinzeka ngezindlela ezishibhile ezihlinzekwa yi-PRASA Metrorail.
- Ukukhuthaza imiphakathi ukuba ibambe iqhaza, yakhe “izindawo okutholakala izinhlobonhlobo zezithuthi (mobility hubs)” ukuze ukhethe ezinhlotsheni ezihlanganisiwe zezokuthutha futhi ikhuthaze ukuxhumana ngesikhathi kuqinisekiswa ukutholakala kwazo ndawo zonke.
- Ukukhuthaza **ukusimama kokuthuthwa kwempahla** ngokwamukela izindinganiso ezisekelwe ekusebenzeni kwezithuthi kanye namathuba okuthola imisebenzi akhuthaza ukukhula ngokomnotho. Ukufukula izinkampani ezizimele ukuba zibandakanyeke ekulawulweni kwezithuthi zempahla, kuphoqelelwe isishayamthetho samahora okusebenza futhi kusetshenziswe izinqubo zokulawula ubungako bomsebenzi ongenziwa.
- **Kuxhaswe ngezimali** izinhlobonhlobo zezokuthutha zesifundazwe kubandakanya nokwakhiwa kwesikhwama sokuxhasa ezokuthutha esimeme.
- Ukwandisa **ukugcinwa komlando wezobuchwepheshe kwezinsizakalo zezokuthutha** kulo lonke elase-Gauteng ngokwakhiwa kwepulatifomu yedatha ebumbene. Le pulatifomu izosebenza njengengosi eyinhloko yokutholakala kwedatha yezithuthi nabantu, okwenza kube khona ukulawulwa okuthuthukisiwe kwezithuthi zomphakathi, okuqinisekisa ukungaguquguquki kwedatha nokuthuthukisa amasistimu olwazi lwabagibeli, ngaleyo ndlela kwakhiwe isimo lapho abantu bengasebenzisa khona noma iyiphi inhlobo yezithuthi abayithandayo esifundazweni sonke.

Inqubo Ezolandelwa Esikhathini Esizayo Ngezithuthi Ezisimeme, Ezilindelekile Nezidingekayo

I-STP iyaqondiswa ukuze ilwenze Lusebenze, Ilugweme, futhi Iluthuthukise (EASI) uhlaka, okugcizelela amakhambi athuthukisa ukutholakala kwamathuba ngendlela esimeme. Le ndlela iqokomisa isidingo soguquko oluyisisekelo (paradigm shift) ekuhlelweni kwezokuthutha. Ibe isibeka kuqala lolu guquko kwezinye izinhlobo zezithuthi kubantu nasempahleni, okubangela ukwenziwa kwezinqumo ngokuvumelana nedatha etholakele nokulawula okungachemile (sound governance). Ukusebenzisa inqubo Yokubeka Izinto Ezibalulekile Kuqala Nokulindisa kubaluleke kakhulu, njengoba kusiza kakhulu ekunciphiseni ukungcola okukhishwa yizithuthi, ngamanani aphantsi kunokusebenzisa izinqubo ezixile ekuthuthukiseni lesi simo noma ngokusebenzisa ezobuchwepheshe (green solutions)

Ukuze kwakhiwe isistimu yezokuthutha engaguquki nesimeme e-Gauteng, ukusuka ohlelweni oluvamile olulawulwa ngabathile abasemagunyeni ukuya ezindleleni ezilawulwa ngamasistimu olwazi lwamuva achwepheshe nangenakulawulwa kalula yinoma ngubani kubalulekile futhi kuyadingeka, ngokwesibonelo:

- Ukwenza ukuba **ukutholakala kwezidingo ezisimeme, ukulungela ukugadla kwesimo sezulu esibi, Ukulawulwa Kwezifundo Zokuhamba (Travel Demand Management (TDM))** nokusekela zonke izinqubo ezizolandelwa, izinhlaka zikahulumeni, ukukhetha utshalomali nezinqubo zokuhlela.
- Ukuxhumanisa izithuthi nohlelo lwentuthuko ngokubambisana neminyango nemikhakha kahulumeni, ukusebenzisa ukucabanga okubumbene nama-agenda adluliselwa nakwabanye ukuze kufinyelelwe okufiswa yi-STP.
- Ukugcizelela **Inqubo Yokusebenza Enezigaba Esimeme** ngokukhuthaza ukuhamba ngezinyawo, ukugibela amabhayisikili, izithuthi ezincane, izinto zokuthutha zomphakathi, kanye nezindlela zokuthutha ngokugibelisana esikhundleni sokuthi umuntu asebenzise imoto yakhe yedwa.
- Ukusebenzisa **Izindlela Zokucabanga Eziphanyayo**: Izimiso zokusebenzisa Izindlela Ezintathu (ngezobuchwepheshe, ngokusebenzisa ukukwazi ukuhamba kalula ngezithuthi), ngokugxila ekwenzeni kube khona ukutholakala kwalezi ndlela ngezindlela ezihlukahlukene ngaphandle nje kokusebenzisa isimiso sokuhamba kalula.
- Indlela yokwamukela **Umbono Nokufakazela ukuhlela**, ngokugxila ezidingweni zangesikhathi esizayo kanye namakhambi asimeme, ukusuka ekusebenziseni Indlela Yokucabangela Nokugxila Kokwenzeka Esikhathini Esidlule.
- Ukwakha izindlela ezibeka **imboni yamatekisi** kwisistimu ebanzi yezokuthutha.
- Ukugxilisa **imiqondo yokuhlela kwesikhathi sonke sokuphila neyokusebenza** ebeka kuqala ukutshalwa kwezimali eziyinzuzo kwezemvelo, ezomnotho, emiphakathini nakubantu, kuyilapho ziqinisekisa amanani akahle, iphrojekthi ehlala isikhathi eside futhi ewufukulayo umnotho ongokwezimali.

Umthelela olindeleke ku-STP ne-IIP ubandakanya lokhu:

- **Izinga eliphakeme lempilo** kuyo yonke imiphakathi nezakhamuzi zase-Gauteng.
- **Ukutholakala kwamathuba okuthuthukisiwe nokulinganayo** kuyo yonke imiphakathi nezakhamuzi zase-Gauteng
- Ukwabiwa kahle komnotho namathuba nokufakwa kwabanganakiwe.
- Isistimu yezokuthutha engachemi, ebumbene (ebandakanya ukuxhumana kwezobuchwepheshe okushesha ngokulinganayo nokusebenzisana phakathi kwezingxenye nesistimu) okusekela konke okunikelwe ngababambiqhaza ukuze kube negalelo elibhekile ngokuhamba kwesikhathi.
- **Ukushintshela kwezinye izithuthi** ezenza ezokuthutha zisebenze kangcono nangempumelelo.
- Isistimu **enokwethenjela 'elungele umsebenzi'** ezweni lanamuhla nelangesikhathi esizayo.
- **Ukushintsha kwezindlela zokwenza** kuguqula izindlela zamanje zokufunwa kwezithuthi futhi kuneqhaza esimweni esingokwemvelo esimeme sabo bonke.

- **I-STP ne-IIP ebumbene ezoqondaniswa** nakho konke ukuhlelwa kwezokuthutha nokusetshenziswa kwazo.
- **Amakhambi asheshayo asimeme, asebenzisekayo, afinyelelekayo** futhi adinga ukulinganisela lapho kunezifiso zomsebenzi ezingqubuzanayo (competing interests).
- **Izikhulu ezizibophezele, ezinamkhono, ezinolwazi lomthetho** ukuba zihlele izinqubo ezingasetshenziswa ezivunyelaniswe kahle futhi **ziaqondise** ukusetshenziswa kwazo ngempumelelo, nangendlela encintisanayo ngokuhamba kwesikhathi.
- Umbono ocacile, ohlala isikhathi eside ukuze **kwakhiwe imibono ezokwabelwana nabanye nezinqumo zotshalomali** kuyo yonke imikhakha yezombangazwe yangesikhathi esizayo ukuze kufinyelelwe umthelela ofiselekayo we-STP ne-IIP.

Umbono Namandla Aqhubezelaho Okufinyelela Imigomo

Umbono usekelwa Ngamandla Aqhubezelayo Okufinyelela Imigomo ayisithupha:

- Ukusetshenziswa ngempumelelo ngokubambisana, ukuthuthukiswa kwamakhono, ukuthola abantu abanele abangasihlinzeka ngamasevisi kanye nokungafihli lutho (sound governance).
- Ukusetshenziswa kwezwe okubumbene, ezokuthutha nezinsizakalo zomphakathi ophephile, osimeme, okungachemi nomphakathi olinganayo.
- Ukunciphisa umthelela wezokuthutha nokuthuthukisa ukumelana komphakathi nokushintsha kwesimo sezulu (climate resilience)
- Ukuthuthwa kwabantu nempahla okuphumelelayo okwenza kube nokwanda okusimeme kwezomnotho.
- Ezokuthutha ezithuthukisiwe, eziphephile, ezinokwethenjelwa, nezingambi eqolo eziqinisekisa ukutholakala okulinganayo kwamathuba kubo bonke.
- Ukusebenzisa ezobuchwepheshe ezingabandlululi, ukusebenzisa izithuthi ezithuthukisiwe ngezobuchwepheshe

Umbono Wethu
 ‘Ikhono lokuhamba
 (mobility) elisimeme,
 elifinyelelekayo,
 eliphephile,
 olinokwethenjelwa
 elisivulela amathuba
 alinganayo.’



Ukungenela okusekela ngasinye Isifiso Sokufinyelela Imigomo Enezinselele (**Strategic Ambition**) efiingqwe ngale ndlela elandelayo:

ISAKHAWO - NGENXA YOKUPHILA

IGunya Lezokuthutha lase-Gauteng (Transport Authority for Gauteng [TAG])		Isu-mgomo Lezokuthutha Lezokufezekiswa Komsebenzi lase-Gauteng (Gauteng Strategic Transport Plan [STP])	
Umbono	Udaba	Imigomo yezo-kufezekiswa komsebenzi	Ukungenela
Ukukwazi ukuhamba okusimeme, okungambi eqolo, okuphephile futhi okunokwethenj elwa okuhlinzeka ngokufinyelela okulinganayo emathubeni.	 Okwezinhlangano	1. Ukuqaliswa komsebenzi ngokusebenza ngempumelelo, kusetshenziswa ngobambiswano, ukwakhiwa kwezinsiza, izinsizakalo ezinokwethenj elwa nobuphathi obunengqondo.	<ul style="list-style-type: none"> Ukusebenzisa ubambiswano ngokunenzuzo ukuze kusungulwe izikhwama zoxhaso. Ezokuthutha ZeSifundazwe NeKomiti Lokusetshenziswa Komhlaba Okudidiyelwe (Provincial Transport and Land-use Integration Committee [PTLUIC]) okwenza ukubambisana nokuxhumana kusebenze kangcono. Ukwakhiwa kwezinsiza zezezinhlangano, ubuphathi obunengqondo kanye ngokusebenzisana phakathi kwezinhlanga ezintathu zikahulumeni ukuze kuqinisekiswa ukuqaliswa komsebenzi okuphumelelayo.
	 Okwenhlalo Yabantu	2. Ukusetshenziswa komhlaba okudidiyelwe, ezokuthutha nezinsizakalo zomphakathi ophephile, osimeme, ongabandlululi muntu futhi nolingene.	<ul style="list-style-type: none"> Intuthuko yezasemadolobheni edidiyelwe nesimeme, eqinisekisa ukuvumelana kwezinsizakalo eziyinhloko nemigomo yezokuthutha nokusetshenziswa komhlaba. Ukugxila kabusha ekuhlinzekweni kwezokuthutha ukuze kubekwe eqhulwini izinto zokuthutha okungezona izimoto (Non-motorised transport [NMT]) nokusebenziseka kalula kwezinto zokuhamba ezifinyelelwa yibo bonke (Universal access [UA]) Ukuqinisekisa ukuphepha nokuvikeleka kwabashayeli, abagibeli nabantu abasebenzisa umgwaqo abachayeke engozini.
	 Ezendawo Yezemvelo	3. Ukudambisa imithelela yezinto zokuthutha endaweni yezemvelo nokuthuthukisa ukusimama ezinseleleni ezihlasela imvelo.	<ul style="list-style-type: none"> Uhlelo lwezokuthutha olusimeme, olungakhiqizi intutho eningi yekhabhoni, olukwazi ukumelana nezinselele ezihlasela indawo yezemvelo nolusimeme oluhlinzekwa ngokushintshwa kokuziphatha, ukuthuthukela amandleni akhiqizwayo asebenziseka kabusha nokucatshangelwa kwemithelela, izinzuzo nezindleko njengoba kunjalo kwezokuthutha.
	 Ezomnotho	4. Ezokuthutha ezisebenza kahle ekuthutheni abantu nezimpahla zibe nesandla entuthukweni yezomnotho osimeme.	<ul style="list-style-type: none"> Ukusebenzisa ingqalasizinda yezokuthuthwa kwezimpahla/izikhungo ukuze kuthuthukiswe ukusebenza komnotho. Ezokuthutha ezikhulisa umnotho futhi zakhe amathuba emisebenzi.
	 Ukukwazi Ukufinyelela	5. Ezokuthutha eziphephile, ezinokwethenj elwa nezingambi eqolo eziqinisekisa ukufinyelela okulinganayo emathubeni kubo bonke.	<ul style="list-style-type: none"> Ukufukula ezokuhamba kwezitimela njengomgogodla wohlelo lwezokuthutha lase-Gauteng. Ukuhlela ngokubambisana okuqinisekisa ezokuthuthwa komphakathi ezicabangela umgibeli kuqala nezindlela ezididiyelwe. Ukuphathi obusebenza ngempumelelo nokwesekwa kwezinhlangano ukuze kube khona ukusebenza okungcono kwezinto ezithutha umphakathi. Ingqalasizinda nezinto zokuthuthwa komphakathi ephhephile nehehayo. Ukwakheka okusimeme nokukwazi ukumelana nezinselele ezihlaselayo, izakhiwo, ukunakekelwa nokusingathwa kwemizila yezokuhamba yesifundazwe.
	 Ezethekhnoloji	6. Ukusebenzisa ngokunenzuzo ezethekhnoloji ukuze kube khona ezokuthutha ezishelelayo nezithuthukile ngokwezidijithali.	<ul style="list-style-type: none"> Inkundla edidiyelwe yokugcinwa kwemininingwane yezokuthutha ukuze kube khona izinsizakalo ezididiyelwe zemininingwane nokukwazi ukuhamba ehlinzeka ngolwazi olufika ngaso sona lesi sikhathi futhi esebenzisa ubuchwepheshe besimanjemanje bezethekhnoloji.

Ukwenza Ukuba Uhlaka Lufeze i-STP

Indima ye-TAG ibucayi ngokuxhumanisa nokusekela ukuhlelwa kwezokuthutha, ngokugxila ekuthuthukiseni ukutholakala kwamathuba ngisho nangale kokugunyazw kwezokuthutha ngokushesha.

Izithiyo ezigxilile

Izinselele eziningana zingase zikukhinyabese ukusetshenziswa kwe-STP. Inkinga enkulu ekunqobeni ukungabaza komphakathi ngezokuthutha ezisekelwe esikhathini esizayo. Abantu abaningi balinganisa ukuba nemotho njengomuntu okhululekile ozimele, okwenza kube nesidingo sokususa leyo miqondo siyishintshela embonweni wokusimama nakwisistimu yezokuthutha enobumbano kakhulu. Ngaphezu kwalokhu, ukuxhumana okuphumelelayo kuyo yonke imikhakha kuyadingeka ukuze kufinyelelwe ukuhlela ngokubambisana kanye nokufinyelela imigomo.

Into ekhathaza kakhulu isekungalinganini koxhaso lwezimali, njengoba ngokuvamile ingcebo yabiwa ngokungalingani kungqalasizinda entsha kunokuba kugcinwe amasistimu akhona njengamanje. Lokhu kunganaki kwenza kube yinselele ukubonisa izinzuzo zokuhlinzeka ngamathuluzi adingekayo (retrofitting) noma ukusebenzisa izindlela ezingahambisani nengqalasizinda. Ukusimama ngezomnotho kokusetshenziswa kwezithuthi zomphakathi, ikakhulu ezikaloliwe ne-Bus Rapid Transit (BRT), kungenye indaba ebaluleke kakhulu, njengoba izindleko eziphakeme zokusebenza kanye nezimali ezinganele zokugibela ziqhubeka zibeka inselele.

Imigoqo yezinhlangotho yokwabelana ngedatha ikwenza kube nzima futhi ukusetshenziswa kwezindlela zezithuthi ezichwepheshe. Idatha ngokuvamile iqoqwa ngamafomathi ahlukahlukene futhi akwabelwana ngayo ngokwanele phakathi kwezinhlangano, okungayihloniphi imizamo ethi "ISifundazwe Esisodwa, Ithikithi Elilodwa." Ngaphezu kwalokhu, indlela esheshayo izinguquko zangaphandle ezenza ngayo kube nesidingo sezinhlelo ezivumelana nezimo ezikwaziyo ukuvumelana nezimo eziguqukayo. Ukuhlela okungahlangene kuyo yonke imikhakha kazwelonke, yezifundazwe, kamasipala neyezokuythutha ihlala iyinselele ephikelelayo.

Ezinye izithiyo zibandakanya isidingo sokuhlonishwa kwamaphrojekthi avumelana nenqubo ezolandelwa ngama-STP nemigomo yezimo zezulu, ukushintsha kokuziphatha ukuze kusekelwe ukuhamba okusimeme (sustainable travel) kanye nokuphazamisa kwabezombangazwe okukhinyabeza ukuqhubeka kwenqubomgomo.

Ukuthuthukisa Ukudiliva

Ukuze kudiliwe ngempumelelo i-STP, i-TAG izohola izinguquko ezenzeka enhlanganweni ezidingekayo ukuze kufinyelelwe le migomo. Lokhu kuzobandakanya ukwakha ubuholi obuqinile ukuze kwakhiwe umbono okhuthaza ezokuthutha zomphakathi njengendlela yokuphila. Ukulawula lezi zinguquko ngokuphumelelayo kuzodinga ukuhlukaniswa okucacile kwezibopho phakathi kwababambiqhaza (stakeholders), ukukhulumisana okunabaxhumanisi kanye nokubamba iqhaza okusebenzayo kwe-TAG emakomitini athintekayo.

Imithombo yokuxhasa esunguliwe, njengezikhwama zesimo esishintshile sezulu emhlabeni wonke kanye nezintela zezibaseli nesisi (carbon), kuzohlolwa ukuze kusekelwe le mizamo. Ukubambisana ngokuqhubekayo kuzoba okubalulekile, ukuhlanganisa izinhlelo zokuxhumana nokusebenzisa ezobuchwepheshe ukuthuthukisa ukuhlela nokuhlinzeka kwezinsizakalo.

Ukuxhumana ngokuqhubekayo nezakhamuzi emizamweni yezinto zokuthutha kuzoqinisa ukuqwasha futhi kuqinisekise ukuthi imibono ehlukehlukehene iyafakwe enqubweni yokuhlela. Ukwakha iKomiti Lezokuthutha Lesifundazwe kanye Nelokuxhumanisa Ukusetshenziswa kwezwe nakho kuzothuthukisa ukuxhumana phakathi komasipala, kuthuthukise ukubambisana ekusetshenzisweni komhlaba, inqgqalasizinda yezobunjiniyela kanye nezokuthutha kuso sonke iSifunda Sedolobha Lase-Gauteng. Le ndlela yokubambisana ihloselwe ukwakha isistimu esimeme yezokuthutha ekhuthaza ukukhula ngokomnotho kanye nokusebenzisana komphakathi lapho kubhekwele ukutholakala kwezidingo ezicindezelayo zomphakathi.

Amakhono

Amakhono i-Gauteng ezowadinga njengesifundazwe ukuze iphumelele yilawa:

- Ukwethenjela okudingekile kanye nekhono lokuxhumanisa wonke amagunya ahlelayo kanye nemisebenzi yawo - ikwazi ukuxhumanisa nokuthonya ukucabanga nokwenziwa kwezinqumo zababambiqhaza (okungaphezu kwezokuthutha).
- Ukuxhaswa okuqinisekisiwe - uxhaso oluhlele izimali ngokokubaluleka kwazo ukuze kutholakale amakhambi afakwe kwi-STP okuhlinzekwa okucacile kwako kokubili i-CAPEX ne-OPEX ngokuhamba kwesikhathi.
- Izinhlangotho ezinamakhono nochwepheshe - abakwaziyo ukubona 'okuza kuqala' futhi benze izinqumo zokuhlela ezinengqondo ukuze kuzwe i-Gauteng nabantu bayo, bengathonyiwe ngokungafanele.
- Ukutholakala kobuchwepheshe nedatha ngezinhlelo zezobuchwepheshe - okwenza imisebenzi izenzakalele ezinezizinda ezihlangene zolwazi oluvamile nokukhalipha, okuthuthukiswe nge-AI ukuze kuhlinzeke ngezindlela ezingcono kakhulu zokuhlela ezingakhethwe nemiphumela yako.
- Ukuvumela ukusebenza kwenqubomgomo - kuvumela izinqumo ezinzima, eziyinkimbinkimbi zenziwe ngokushesha, ngendlela ephumelelayo nangokuvezwa kwezimvo ukuze kusheshiswe futhi kusimamisiwe izinguquko zesistimu ephumelele yezokuthutha yase-Gauteng.

Imikhakha yokwenziwa kwezinqumo

Imikhakha emibili elandelayo yokwenziwa kwezinqumo kudingeka ibhekwele:

- Ukuthuthukiswa Kwezokuthutha Okubumbene Nokusimeme
- Ezokuthutha Ezibumbene, Ukutholakala Kalula Kwezobuchwepheshe Nokusebenzisa Izithuthi Noma Kuphi. (Integrated Transport, Digital and Spatial Accessibility)
- Ukubambisana Ekusebenziseni Ezobuchwepheshe Nezindinganiso Zokwabelana Ngedatha
- Ukubeka Ukuphepha Nokulondeka Kuqala
- Izithuthi Ezingenayo Injini (NMT) Nokutholakala Kwezithuthi Kubo Bonke
- Ukwenza Lula Ukuphathwa Kwezimfuno Zababambiqhaza Kanye Nokushintsha Indlela Yokucabanga (Facilitating Demand Management and Behavioural Change)
- Inqubomgomo yokuthuthukisa uhlelo Lokupaka Nentuthuko (Parking and Development Planning policy reform)
- Izindlela Ezisimeme Neziwusizo Zokuxhasa Abampofu Nabaqala Amabhizinisi (Sustainable and Innovative Funding Models)

- Ukuxhumanisa Ukusebenzisana Kwezokuthutha Zomphakathi;
- Ukufukula Ababambiqhaza (Stakeholders) Nemiphakathi
- Ukunakekelwa Nokusebenza Ngempumelelo Kohlelo Lwezokuthutha
- Ukulawulwa Kwezokuthutha Zomphakathi nokusetshenziswa kwamathuluzi ukuze kulinganiswe ngokoqobo izimfuno nezinhlinzeko

Ukuxhaswa Nokukhokhelwa Izimali

Indima ye-TAG ukuxhumanisa nokusekela ukuhlelwa kwezokuthutha ezihloselwe ukuthuthukisa ukutholakala kwamathuba ngezixazululo ezicabangela izidingo zamanje nezesikhathi esizayo. Ukuze kubhekwele ukuntuleka koxhaso notshalomali oluphephile kungqalasizinda, kunconywa ukuba kube nohlelo oluzolandelwa olunezinhlangothi eziningi (multi-faceted strategy), ukuze kuhlonzwe, kutholwe futhi kwenziwe lula uxhaso oluqinisekisiwe nesabelo esifanele.

Izinsiza Ezingokwezimali

Izinsiza ezingokwezimali ezihlongozwayo zibandakanya lokhu:

- **Ukusebenza Ngokubambisana Nama-Development Finance Institutions (DIFs):** Ukusebenzisana ne-Development Bank of Southern Africa (DBSA) kanye nezinye izinsiza zoxhaso lwezimali ezibhekele isimo sezulu somhlaba wonke ukuze kufinyelelwe izivumelwano kusengaphambili zokuxhasa amaprojekthi ezokuthutha afanele.
- **Ukusebenzisa ngokunenzuzo izinsiza zezimali ezibhekele ukukhokhelwa kokushintsha kwesimo sezulu komhlaba wonke:** njengeGreen Finance Fund (GCF), Climate Investment Funds (CIF) kanye nezinhlelo zikahulumeni zokuxhasa amazwe ngamazwe, kungahlinzeka ngezinsiza ezengeziwe zamaprojekthi agxile kwezokuthutha ezinciphisa intuthu enesisi (decarbonising transport), ingqalasizinda ekhuthaza imvelo nohlaza kanye nezithuthi zomphakathi ezikhipha isisi esincane kakhulu.
- **Ama-Public-Private Partnerships (PPPs):** Ukukhuthaza ukubama iqhaza kwezinkampani ezizimele ekuxhaseni ngokwezimali amaprojekthi abanzi engqalasizinda, ukusebenzisa ngokunenzuzo ulwazi lobuchwepheshe nezinsiza ezingokomnotho. Uhlaka lokubambisana phakathi kohulumeni besifundazwe nabakamasipala kuyadingeka ukuze kuqinisekise ukuthi le mizamo iyafinyeleleka futhi yenza ngokuvumelana nomthetho.
- **Ukwenyuswa Kwezimali Zokukhokhela Amalayisenzi Ezimoto:** Ukucabangela ukwenyuswa kwezimali zokukhokhela amalayisenzi ezimoto ukuze kuxhaswe isikhwama sezokuthutha, okufana nalokho okwenziwa eSweden.
- **Izimali ezikhokhiswayo Ukunciphisa Ukuminyana Emgwaqweni Nasezindaweni Okuhamba Kuzo Izimoto Ezingakhafuli Intuthu Eningi (LEZs):** Ukuthatha lezi zinyathelo ukuze kulawulwe ukuminyana kwezimoto emadolobheni kuyilapho kuqinisekiswa ukuthi izimali eziqongelelwe ziphinde zitshalwe futhi ekuthuthukisweni kwezokuthutha zomphakathi.
- **Uxhaso Lwezimali Oluvela Ezinkampanini:** Ukuheha utshalomali ezinkampanini kungqalasizinda kahulumeni njengengxenye yemizamo ye-Corporate Social Responsibility (CSR), ukuthuthukisa ukusebenzelana emphakathini kanye nekhwalithi yengqalasizinda.

Ngokusebenzisa la mathuba, i-Gauteng ingakwazi ukuhlangabezana kangcono nezidingo zayo zengqalasizinda yezokuthutha kuyilapho ikhuthaza ukusimama kwezomnotho.

Ukwakha uxhaso olungokwezimali oluqinisekisiwe

Uhlelo loxhaswa lwezimali olusimele kufanele lwakhiwe kulandelwa lezi zincomo ezilandelayo:

Isikhwama Sezokuthutha Zesifundazwe (Provincial Transport Fund (PTF))

Ukuvulwa kweSikhwama Sezokuthutha Zesifundazwe (Provincial Transport Fund (PTF)) kubaluleke kakhulu ukuze kukhokhelwe izithuthi zomphakathi kanye nezinhlelo ezihlobene e-Gauteng. Lesi Sikhwama sizobhekelela izimali ezivela emithonjeni ehluahlukene, njengezimali ezitholakale kuhulumeni, izimali ezikhokhiselwe ukusebenzisa imikhiqizo ethile kanye nokusebenzisana kukahulumeni nezinkampani ezizimele. Kuzokwakhiwa uhlaka olungokomthetho kanye namalungiselo ezinhlangano ngokuxhumana nababambiqhaza (stakeholders) ngokuvumelana ne-National Land Transport Act (NTLA). Lolu hlelo lusekela ukuhlelwa kwengqalasizinda ethatha isikhathi eside futhi ukwabiwa kwezinsiza nesishayamthetho sesifundazwe kuzolandelelwa ukuze kwakhiwe iSikhwama, kulandelwa izincomo ezivela ku- Provincial Transport and Land-Use Integration Committee (PTLUIC).

I-Sustainable Transport Fund Management Board kufanele icatshangelwe ukuze iqondise iSikhwama, ukuqinisekisa ukungafihli lutho (transparency) nokuzibophezela kokwethembeka ekwebiweni kwezinsiza (resource allocation). Leli bhodi lakhiwa ngabameleli abavela ku-TAG, GDRT, ezinye izinhlangano zezokuthutha, iminyango kahulumeni nezinkampani ezizimele.

Ukuthengiswa Kwamabhondi

Isifundazwe singathengisa amabhondi ukuze sinyuse imali yamaprojekthi ezokuthutha, ngokukhokhelwa ngezimali ezithathwe ezabelweni zikahulumeni nezitholakale ezinkampanini. Le nqubo elandelwayo inciphisa ukwethembela emthonjeni wemali owodwa futhi iyasiza ekubhekeleleni izingcupho zezimali.

Isikhwama Sezokuthutha Esimeme

I-Gauteng kufanele yakhe Isikhwama Sezokuthutha Esimeme (Isikhwama) ukuze iqinisekise ukuxhaswa kwezinhlelo zezokuthutha ezikhuthaza ukubhekelelwe kwezemvelo. Lesi Sikhwama sizodonga izinsiza emizileni eminingi yezezimali futhi izivumelanise nezinqubomgomo zikazwelonke nezesifundazwe, njenge-National Development Plan (NDP) 2030 kanye ne-Sustainable Development Goals (SDGs) 2023.

Izimali Zokubhekelela Ezemvelo

Ukukhipha izimali zokubhekelela ezemvelo kuzokwenza i-Gauteng ikhokhele amaprojekthi akhuthaza ukusimamiswa kwezemvelo, njengokuthengwa koxhaxha lwezimoto ezisebenzisa ugesi kanye nezindawo ezixhumanisa umphakathi nezemvelo. Le ndlela iye yabonakala iphumelela kwamanye amazwe, isiza ekubhekaneni nezinsesele zezemvelo emadolobheni.

Ezinye Izindlela Zokuxhasa Ngokwezimali

Ezinye izindlela zokuxhasa ngokwezimali, ezibandakanya ukukhokhelwa kwamaprojekthi, izimali-mboleko ezihlobene nokukhathalelwa kwezemvelo, amabhondi engqalasizinda, zingakwandisa ukuxhaswa kwamaprojekthi ezokuthutha emadolobheni.

Uhlelo Lokwabiwa Kwezimali Isikhathi Eside

Ukwabiwa kwezimali okuphumelelayo kubaluleke kakhulu ekusetshenzisweni kwe-Gauteng STP. I-TAG izobeka kuqala amaphrojekthi avumelaniswe nemigomo yesikhathi eside (strategic goals), iqinisekise ukwabiwa kwezimali ezanele zezinhlelo zezokuthutha ezisimeme nezidingo zezimo eziphuthumayo zengqalasizinda. I-TAG izokwenza futhi lula ukuxhumana phakathi kwamaphrojekthi ezokuthutha esifundazwe nakamasipala, okuzothinta ukwabiwa kwezimali ukuze kuqinisekise ukuvumelana nezinhlelo zentuthuko ezihlala isikhathi eside.

Ukuqapha Nokuhlola

Ukuze i-Gauteng STP isetshenziswe ngokuphumelelayo kudingeka umzamo wokubambisana okuqinile okugcizelela nokubandakanya ukuqapha nokuhlola okunentshiseko.

Izinqubo eziyisisekelo zibandakanya lokhu:

- **Izinkombo Zokusebenza Eziyisihluthulelo (Key Performance Indicators (KPIs)):** La manani akalwa ngezinombolo (measurable values) azobonisa ukuthi engakanani intuthuko esiyenziwe ngokwezibalo, kusetshenziswa i-KPI dashboard evunyelanise nomsebenzi elandelela amaphrojekthi enziwe ngokoqobo nezingqophamlando ezifinyelelwe ngokuzenzakalelayo nge-Transport Management Centre (TCM).
- **Izingqophamlando Zokudiliva (Ukuphuthula Umsebenzi):** Ukufinyelela amazinga afanele okufeziwe ukuze kuqinisekise ukungafihli lutho nokuzibophezela (accountability)

Ama-KPI

Izigaba ezimbili zama-KPI zizosetshenziswa ukuhlola intuthuko:

- **Ama-KPI wonkana:** Ukukala imiphumela yeqophelo eliphakeme njengentuthuko kuzingqophamlando zokudiliva, izinhlobonhlobo zezithuthi, ukukhula okungokomnotho, ukunciphisa ukukhishwa kwentuthu eyingozi, isikhathi sokuhamba (travel time), ukuminyana, ukuba namandla okukhela okwenziwayo, ukuphepha, ukulingana, ukunekela (maintenance), amazinga ezinsizakalo zokuthuthwa komphakathi nokususa impahla emgwaqweni iyiswa ezithuthini zomjantshi.
- **Ama-KPI Asekelwe Emkhiqizweni (Outcome-based KPIs):** Gxila ezintweni ezithile ezifeziwe ezisohlelweni, njengokwabiwa kwebhajethi, ukusetshenziswa kwezinqubomgomo, ukubamba iqhaza kwabahilelekile (stakeholders), ukusebenziseka ngempumelelo kohlelo lokusebenzisa ezobucwepheshe (digitalisation plan), ukwabelana nabanye ngolwazi nemisebenzi yokusetshenziswa komhlaba nokuxhumana ngezokuthutha.

Izingqophamlando Zokudiliva (Ukuphuthula Umsebenzi):

Uhlaka lokuhlola luzohlela imisebenzi yesikhashana (1-2 iminyaka), yenkathi ephakathi nendawo (3-5 iminyaka), neyesikhathi eside (6-10+ iminyaka) ukuze kuqinisekise intuthuko ehlelwe kahle yemigomo ye-STP.

Indlela yokuqapha nokuhlola ehlanganisa konke (comprehensive monitoring and evaluation) ibaluleke kakhulu ukuqinisekisa ukusetshenziswa ngokuphumelelayo kwe-STP nokubhekela izinselele zezokuthutha e-Gauteng.

Ukuthola Izindlela Ezintsha Zokuxazulula Izinkinga

Izindlela ezintsha zokuxazulula izinkinga ezilandelayo ziye zahlonzwa ukuze kwenzwe enye intuthuko ngaphansi kwe-IIP:

- **Izingcwano zokuhlola (pilot projects) ezigxile kuyi-Transit-Oriented Development (TOD)** nasezithuthini ezisebenzisa **imizila encikene** yesifundazwe ukuze kubhekwane nezinsalele zokucazwa kwezindawo zomphakathi nokucazwa kwezindawo ngokweziphathimandla kanye notshalomali lwengqalasizinda okudingekayo ukuze kulwiswane nokuminyana (unlock densification).
- **Ukuguqula ukuhlelwa kwezokuthutha zomphakathi kanye nenqubo yamalayisensi okusebenza**, kubandakanya nokusetshenziswa kwezobuchwepheshe okuthuthukisiwe ukuze kubhekwane nezinkinga ezihlobene nodlame lwabamatekisi.
- **Ukwenza idatha yezokuthutha itholakale ngezobuchwepheshe bokubhala** ukuze kuthuthukiswe ukutholakala nokusebenziseka kwayo.
- **Ukusebenzisa idatha nobuchwepheshe bokusetshenziswa kwedatha** ukuze kusekelwe izindlela zokuyisebenzisa (interventions) futhi kuqashwa intuthuko esiyenziwe.
- **Ukuhlola ukuthi kungaba khona yini ukusebenzisana nezifunda ezingomakhelwane** ukuze kukhuthazwe ukuxhumana emizileni yokuxhumana (nodes) ngaphandle kwase-Gauteng kusetshenziswa izindlela zokuthutha (transport modes) ezifanele.


Isiphetho

I-STP ye-Gauteng inikeza uhlaka oluningiliziwe lokwakha uhlelo lwezokuthutha olusimeme ngaphakathi kwesifundazwe. Umbono ocacile kanye nobuholi obuphumelelayo kubaluleke kakhulu ukuqinisekisa ukuthi ezokuthutha zomphakathi ziba yingxenye ebalulekile yokuphila kwansuku zonke, ngaleyo ndlela bethuthukisa izinga lempilo eliphakeme lazo zonke izakhamuzi. I-STP ihlinzeka ngeqoqo lezimiso, izisusa ezinamandla ezicatshangelwe kahle (strategic ambitions) kanye nokuba neqhaza elibalulekile elidingekayo ukuze kube noshintsho oluphelele oludingekayo. Idlala indima ebalulekile ekusabeleni ezidingweni zangesikhathi esizayo futhi ihlangabezana nezinsalele zamanje ohlelweni lwezokuthutha.

I-STP icabangela izidingo zangempela zabathintekayo nokuqinisekisa ukuthi izifanelekele izimo zamanje nezangesikhathi esizayo. Izinyathelo ezihlongozwayo zokukhuthaza ukutholakala kwamathuba alinganayo kuyo yonke imiphakathi, ukuqinisa ukungantengantengi nokusimama kwezemvelo nokuhlinzeka ngesisekelo sohlelo lwezokuthutha lwangesikhathi esizayo, ngaleyo ndlela kufinyelelwa umbono we-STP wokusimama, ukuhamba ngezithuthi okungambi eqolo, okuphephile nokungathenjela okuvulela abantu amathuba alinganayo.

Izifushaniso

4IR - Fourth Industrial Revolution	MBT - Minibus Taxi
AI - Artificial Intelligence	Mt - Mega tons
BRT - Bus Rapid Transit	MTEF - Medium Term Expenditure Framework
CAPEX - Capital Expenditures	NDP - National Development Plan
CIF - Climate Investment Funds	NDP2030 - National Development Plan 2030
CO ₂ eq - Carbon Dioxide equivalent	NLTA - National Land Transport Act
CSR - Corporate Social Responsibility	NMT - Non-motorised Transport
DBSA - Development Bank of Southern Africa	NT - National Treasury
DFIs - Development Finance Institutions	PLTF - Provincial Land Transport Framework (2023-2027)
EASI - Enable, Avoid, Shift & Improve framework	PPP - Public-Private Partnership
EVs - Electric Vehicles	PRASA - Passenger Rail Agency of South Africa
GCF - Green Climate Fund	PTF - Provincial Transport Fund (proposed)
GDRT - Gauteng Department of Roads and Transport	PTIC - Public Transport Integration Committee
GHG - Green House Gas	PTLUIIC - Provincial Transport and Land-Use Integration Committee (proposed)
GHTS - Gauteng Household Travel Survey	SADC - Southern African Development Community
GMA - Gautrain Management Agency	SANRAL - South African National Roads Agency
GSDF - Gauteng Spatial Development Framework	SDGs - Sustainable Development Goals
I&APs - Interested and Affected Parties	SKRP - Strategic Key Role-Player
IIP - Integrated Implementation Plan	SPTN - Strategic Public Transport Network
IPC - Intermodal Planning Committee	STP - Strategic Transport Plan
ITMP25 - Gauteng 25-Year Integrated Transport Master Plan	TAG - Transport Authority for Gauteng
ITS - Intelligent Transport Systems	TDM - Travel Demand Management
KPI - Key Performance Indicator	TETA - Transport Education Training Authority
KRP - Key Role-Player	TMC - Traffic Management Centre
LEZ - Low Emission Zone	TOD - Transit-Oriented Development
MaaS - Mobility as a Service	UA - Universal Access



44 on Grand Central Boulevard, Grand Central Ext. 1, Midrand
P.O. Box 1266, Kelvin, 2054, Johannesburg South Africa

